



health

Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

DUNDEE HOSPITAL

DUNDEE WEB

NEWS

SPECIAL EDITION

OCTOBER 2017



Izinyane Lesilo

Umtwana:uNhlanganiso Zulu

INDUMEZULU YOMCIMBI WOKUSOKWA KWABAFANA ENDUMENI

FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE



ESANDLENI SOKUNXELLE KUYA KWESOKUNXELE:

Nks. Duma Shange (District Office: Health), Mnu.K Selepe (Arts & Culture), Mnu. M Mthembu (Endumeni Municipality), Mnu.T Mnube Gender Based Violence, Mnu . I.M Gubevu (Dundee Hospital -Systems Manager), Bishop T.N Xaba (Hospital Board: Chair)

Uhlelo luvulwe ngomkhuleko obuholwa nguMbhishobhi uT. Xaba oqale ngokuyala abafana, ubedamane ecaphuna ezwini obekuyilona ebelilekelela nebeliyingqikithi yenkulumo yakhe. Kulandele inkulumo ebihlabahlosile yokwamukela ebiqhamuka kuMnu. Gubevu obebuye athinte ukubaluleka kokusoka ngokwemigomo yomnyango Wezempilo nayo ebibheke kubo abafana.

Unkks. S Vilakazi uyena okhanyisele umthimba wonke obuhambele umcimbi ngenjongongqangi yosuku ophinde wakhanyisela izihambeli ngokuthi thina njengomnyango wezempilo loluhlelo lungezinye zezinhlelo ezibhekeleno nokulwa nezizigaba lokubhebhethaka kwegciwane

elingumashayabhuqe, kanti-ke ukusoka kusiza ekwehliseni izinga lokuthola sona lesi sifo.

UMasipala waseNdumeni wona obumelwe uMnu. Mthembu okubeke kwacaca ukuthi uMasipala uyazeseka izinhlaka nezinhlangano ezizama okuthize ukulwa nalesisifo, njengoMasipala futhi bazibophezele kulesisivumelwano. Eminye yeminyango kaHulumeni eyahlukahlukene ekubalwa kuyo umnyango Wobuciko na-Masiko kanye nenhlangano yodlame lwasekhaya ihambe emagameni azo zonke izikhulumi ngokuthi imi nawo umnyango wezempilo kulombhidlango wokul-



IZINYANE LESILO LETHULA INKULUMO E-LIVANGELI PRIMARY SCHOOL

BAYEDE WENA WEZULU!!!

*“IBANDLA LONKE EBELISENDLINI LISHO KANJENA NGENKATHI KUNGENA IZINYANE
LESILO UMNTWANA UNHLANGANISO ZULU”*

KU hlokome igumbi lapho bekuhlanyelwe khona abafana kungena Izinyane Lesilo Umntwana uNhlanganiso Zulu obeyisihambeli esiqavile kulomcimbi waseNdumeni kuzosokwa abafana. Wethule inkulumo enohlonze evuselele yaphinde yaqhakambisa usiko lwamaZulu ngenkathi ebalula umlando wokusoka kuzo lezinsizwa. Ugqugquzele abaphathi bomnyango ukuthi bangalufeli amathe loluhlelo ngoba ilona oluphinde lube uphawu olukhomba inhlanzeko kubantu besilisa. Wedlulisele isimemo kubafana sokuthi njengoba bephelele kulomcimbi baphinde futhi bathamele umcimbi wesilo Womkhosi Woselwa, lapho iSilo Samabandla sobe sikhuluma nesizwe saso

Uphinde wezwakalisa ukujabula ukubona izinsizwa zisalalela uma zibizelwa ukuthi abazosoka. Uxwayise izinsizwa ngokungabi nozwelo kwabomthetho uma abesilisa beke batholakala behlukumeza abantwana nabesifazane, umntwana ukusho waphindelelela ukuthi bona abafana njengabantu besilisa yibona impela ekumele bavikele baphinde bahloniphe abantu besimame. Izinyane licelile nakubaphathi bomnyango ukuba uhlelo olubizwangokuthi **ISIBAYA SAMADODA** sisetshenziswe ukuze kululekwe abantu besilisa uku kulona.

Uphethe ngokugqugquzela amadoda ukuthi abovakashela imitholampilo azihlole nesifo sofuba. Yena njengenxusa laso

IZITHOMBE



IZITHOMBE ZABASEBENZI BEZEMPILO NGOSUKU LOKUSOKWA E-LIVANGELI PRIMARY SCHOOL



UMNTWANA UNHLANGANISO EVAKASHELE EMAGUMBINI KUSOKWA ABAFANA



**KUSOKWA E-LIVANGELI PRIMARY SCHOOL
ABASEBENZI BEZEMPILO KANYE NETHIM-
BA LAKWA CAMBEL ELIHLWA U
DKT. MAJOZI**



**UMNU. M MTHEMBU KWESOKUNXELE ESITHOMBENI NABAFANA
ABAZOSOKWA KANYE NOMNTWANA UNHLANGANISO ZULU PHAKATHI**

Siyabonga

UMNYANGO WEZEMPILO

UFISA UKUNDLULISA OKUKHULU UKUBONGA
NANGENKULU INJABULO NGOKUBAMBISANA
NANGOKUSEBENZISANA OKWENZE LEZINSU-
KU EZINTATHU UKUBA ZIBE IMPUMELELO

UKUBONGA OKUKHETHEKILE

ENDUMENI LOCAL MUNICIPALITY

UMZINYATHI DISTRICT -DEPARTMENT OF EDUCATION

LIVANGELI PRIMARY SCHOOL

UMZINYATHI DISTRICT DEPARTMENT OF HEALTH

ENDUMENI AND NQUTHU SUB-DISTRICT MANAGEMENT AND STAFF

UMZINYATHI DISTRICT DEPARTMENT OF ARTS AND CULTURE

UMZINYATHI DISTRICT DEPARTMENT OF SOCIAL DEPARTMENT

ENDUMENI GENDER BASED AND VIOLENCE

DKT.MAJOZI NETHIMBA LAKHE ICAMPBELL

**SIBONGA SIYANCONCOZA EKWENZENI LEZI ZINSUKU
UKUBA ZIBE YIMPUMELELO**

ENDUMENI SUB DISTRICT MMC CAMP